# UNtando uhlala ejabule!



Mishumo Maphaha

UNtando intombazane ehlala ijabule.

Uyajabula uma edlala nodadewabo uThuthu.

Uyajabula uma edlala noDini, ikati lakhe alithandayo.



UNtando uhlala ejabule nasesikoleni.

Uyajabula uma uthisha wakhe emcela ukuthi afundele ikilasi izindaba.

Ufunda kahle futhi nangokuzithemba!



UNtando uzizwa ejabule uma ebukela opopayi kumabonakude.

UDini uyathanda ukuhlala abukele opopayi noNtando.

UNtando uyafa ukuhleka uma ebukela opopayi!



UNtando uyajabula uma esepaki.

Uthanda ukudlala ngomjikozo.

UNtando ubona uDini phezulu esihlahleni. Uyazi ukuthi akasoze awa, ngoba amakati agibela kalula!



UNtando uyakujabulela ukuya esitolo ukuyothenga.

Uyajabula uma umama ebathengela izingubo.

UNtando noThuthu bakhetha izingubo ezintsha abazithandayo. Bobabili bakhetha umbala ophephuli!



UNtando uyakujabulela ukuya esontweni nomndeni wakhe.

Uthanda ukucula nokuthandaza.

UDini naye uyalandela kepha akaphazamisi muntu. Ulinda uNtando emnyango.



UNtando uyajabula uma umndeni wakhe udla ndawonye ngamaSonto ntambama.

Uyajabula uma kudliwa inyama yenkukhu, ilayisi nemifino.

UDini naye uyayithanda inyama yenkukhu!





Bonke abantu bayazi ukuthi uNtando uhlala ejabulile.

Ujabula kakhulu futhi uma bendawonye noDini!